Le ndaba ixoxa ngoDokotela waseNingizimu Afrika uBongani Mawethu Mayosi.

WayenguSosayensi owathola into ebalulekile mayelana nesifo senhliziyo.



UBongani wazalwa ngonyaka we-1967. Wazalelwa eMthatha, esifundazweni saseMpumalanga Kapa eNingizimu Afrika.

Wafunda isikole esigodini saseNgqamakhwe.


Umama kaBongani wayengumhlengikazi, kanti ubaba wakhe wayengudokotela.



Njalo uma bebuyela ekhaya ekupheleni kosuku, abazali bakhe babexoxa ngemisebenzi ababeyisebenza.

UBongani wazizwa esenothando lwezempilo nokusiza abantu.

Waba nothando lweSayensi yezempilo.



Esikoleni uBongani wayethanda iZibalo neSayensi yempilo.

Wayesebenza kanzima kulezo zifundo ngoba efuna ukuba ngudokotela.

Emva kwemfundo yamabanga aphakeme, wafunda enyuvesi yaKwaZulu Natal nakweyaseKapa.


Wayengumfundi ovelele kakhulu.



UBongani wathola umfundaze wokuqhuba izifundo zakhe enyuvesi i-Oxford eseNgilandi.

Waphinde wafunda naseMelika. Wabe esebuya eza eNingizimu Afrika ukuzosebenza njengodokotela.

Wayengudokotela omuhle onesineke, othanda iziguli zakhe.



Akuthathanga isikhathi eside ngaphambi kokuthi uBongani abuyele phesheya kwezilwandle futhi.

Wayefuna ukufunda kabanzi ngokuphathelene nenhliziyo ikhadiyoloji.

Ikhadiyoloji yisifundo senhliziyo nezifo ezithinta inhliziyo.

UBongani wayengudokotela wenhliziyo, i-*Cardiologis*t ngolimi lwesiNgisi.



UDokotela uMayosi wasebenza nabanye abacwaningi phesheya.

Bathola into ebaluleke kakhulu.

Laba bacwaningi bathola ukuthi kungani abanye abantu behlushwa yisifo senhliziyo.


Lokhu abakuthola kwakubaluleke kodokotela bomhlaba wonke jikelele.



UBongani wabuyela eNingizimu Afrika esenolwazi lobuchwepheshe kwezempilo.

Wasebenza noNgqongqoshe wezempilo wezwe futhi wanikeza izeluleko ngezinkinga zezempilo ezweni.

Iphupho lakhe kwakungukubona amazwe ase-Afrika exazulula izinkinga zawo zempilo ngokusebenzisa iSayensi.



UBongani wayezithemba njengosoSayensi wase-Afrika. Ucwaningo aluthola lwalubaluleke umhlaba wonke.

INingizimu Afrika yagubha umsebenzi wakhe nempumelelo yakhe.


Wahlonishwa ngendondo yeSayensi ephezulu kakhulu ezweni, ebizwa ngeSimiselo seMapungubwe.



UBongani wayenguSolwazi wezeNhliziyo eNyuvesi yaseKapa (UCT).

Ngemfundiso yakhe, wadlulisela ulwazi lwakhe kubafundi bakhe.

Wayebuqonda ubunzima abafundi abaningi ababebhekene nabo. Wakhuthaza odokotela abasebasha nabanye abafunda iSayensi yezempilo.



USolwazi uMayosi wakhushulwa waba ngumphathi weSayensi yezempilo eNyuvesi yaseKapa.

Wayehlezi ematasatasa ngomsebenzi wakhe. Wayenguthisha, umcwaningi, nomholi.

UBongani Mayosi ukhunjulwa njengesibonelo kubantu abaningi.



Wasuka esikoleni sasemaphandleni waba ngumholi weSayensi yezempilo kwiNyuvesi ephezulu yaseNingizimu Afrika.

Waba nguchwepheshe emhlabeni wonke kwezeSayensi yezempilo.

UBongani wazuza lukhulu empilweni yakhe kodwa wayezithobile.



Uma sifunda ngeSayensi, singacabanga ngoDokotela uMayosi.

Singagubha impumelelo yakhe kanye neyabanye oSosayensi abaningi base-Afrika.

Singahalalisa futhi ngokubaluleka kolwazi lwase-Afrika.

## ——Imibuzo

1. Ngubani oxoxa le ndaba? Imayelana nobani le ndaba?
2. Waba nini nothando lwezempilo neSayensi uBongani futhi kungani?
3. Yini i-*Cardiology?* Iyini i-*Cardiologist?*
4. Iyini i 'Sayensi yezempilo'? Thola kabanzi ngomsebenzi weSayensi yezempilo.
5. NjengoSosayensi Wezempilo Nodokotela Wenhliziyo, uBongani wawusiza kanjani umphakathi?
6. Thola mayelana nabanye oSosayensi abathathu base-Afrika.
7. Yiziphi izinhlobo zezinkinga zezenhlalo okhuluma ngazo ekhaya?
8. Chaza ukuthi imfundo yakho ingakusiza kanjani ukuba uxazulule ezinye zalezi zinkinga zezenhlalo.

